DURBAN PENSION FUND

Fund Registration Number: 12/8/32435

Registered Address
10 Torsvale Crescent
Torsvale Park
La Lucia Ridge Office Estate
La Lucia
4320

PRIVATE & CONFIDENTIAL

IMFIHLO FUTHI OKUYIMFIHLO NGOKUSEMTHETHWENI

24 kuNhlolanja 2026

Lungu Elihloniphekile

ISIPHAKAMISO SOKUGUQUKA KOMTHETHO 5 – UKULINGANISA IMPESHENI YOMLINGANI OFANELE MAYELANA NOMSHADO OWENZEKA NGAPHAMBI KOKUTHATHA UMHLALAPHANSI NANGEMUVA KOKUTHATHA UMHLALAPHANSI

IBhodi Labaphathiswa be-**Durban Pension Fund** lazisa ngalokhu ukuguqulwa koMthetho 5 kumalungu asebenzayo, abathatha umhlalaphansi kanye nalabo abanezimpesheni ezimisiwe ukuze bavote njengoba kudingwa yimithetho yeSikhwama. Isizathu sokuguqulwa koMthetho 5 sithi:

- *Ukuze kulinganiswe inzuzo yomlingani ofanelekile oshade nomhlomuli oyinhloko ngemuva kokuthatha umhlalaphansi, ifaniswe naleyo yomlingani ofanelekile oshade nomhlomuli oyinhloko ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi, kubhekwa noma yikuphi ukwehluka okukhulu eminyakeni yobudala phakathi komlingani ofanelekile noMhlomuli oyinhloko.*

IBhodi Labaphathiswa, uMqondisi Wezibalo kanye noMphathi Omkhulu weSikhwama banombono oqinile wokuthi imithetho ekhona kufanele iguqulwe ngenxa yesizathu esishiwo ngenhla, ngokushintsha isiqephu (ii) soMthetho 6.2.1 (b) sibe ngale ndlela elandelayo:

(ii) Uma UBUDLELWANO BOMSHADO OBAMUKELWE noMLINGANI OFANELEKILE buqale noma buthathwa njengobuqale emuva kokuba UMHLOMULI OYINHLOKO ethathe umhlalaphansi, IMPESHENI enikezwa UMLINGANI OFANELEKILE izoba ngu-60% wempesheni yoMHLOMULI OYINHLOKO, kodwa le mpesheni izoncishiswa ngo-2% ngonyaka ngamunye lapho UMLINGANI OFANELEKILE emncane ngeminyaka engaphezu kweyi-10 kunoMHLOMULI OYINHLOKO, kuncishiswe kuze kufike kumkhawulo ongadluli ku-20%. IMPESHENI enikezwa noma yimuphi UMNTWANA OFANELEKILE izobalwa njengokungathi UBUDLELWANO BOMSHADO OBAMUKELWE buqale noma buthathwa njengobuqale ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi.

Ngokwemithetho yeSikhwama, amalungu asebezanyo, abathatha umhlalaphansi kanye nalabo abanezimpesheni ezimisiwe kumele bavote uma kunokuguqulwa komthetho kwalolu hlobo. Ngenxa yezinselelo zezinsizakalo zokuposa, ukuvota kuzokwenziwa ngogesi kusetshenziswa omakhalekhukhwini nge-SMS. Umlayezo uzothunyelwa kuwo wonke amalungu asebenzayo, abathatha umhlalaphansi kanye nalabo abanezimpesheni ezimisiwe lapho iSikhwama sinezinombolo zabo zomakhalekhukhwini. Amalungu azokwazi ukuvota nge-SMS. Sicela uqaphele ukuthi kuzobalwa ivoti elilodwa kuphela kumuntu ngamunye. Uma kuthunyelwa ivoti lesibili, ngeke libhekwe.

Chairperson: DA Rogers
Vice-Chairperson: NL Khuzwayo
Principal Officer: C Field
Deputy Principal Officer: HD Naidoo
Employer Appointed Trustees: NL Khuzwayo, NP Hlomuka, P Pillay, N Madlala, MG Shange, S Mbele
Member Elected Trustees: DA Rogers, K Aswanth-Kumar, J Beugger, KA Goodsell, E Seedat, C Nagooroo

DURBAN PENSION FUND

Fund Registration Number: 12/8/32435

Registered Address
10 Torsvale Crescent
Torsvale Park
La Lucia Ridge Office Estate
La Lucia
4320

Uyacelwa ukuthi ucabangele ngokujulile lesi siphakamiso sokuguqulwa komthetho bese uvota nge-SMS zingakapheli izinsuku ezingama-30 kusukela ngosuku othole ngalo isimemo se-SMS sokuvota. Uma ungakayitholi i-SMS evela eSikhwameni, sicela uxhumane neSekela loMqondisi Omkhulu, HD Naidoo, ku-dasanah@gmail.com noma unobhala ku-NaidooRo@aforbes.com.

Ozithobile

Carlyle Field
UMPHATHI OMKHULU

Chairperson: DA Rogers
Vice-Chairperson: NL Khuzwayo
Principal Officer: C Field
Deputy Principal Officer: HD Naidoo
Employer Appointed Trustees: NL Khuzwayo, NP Hlomuka, P Pillay, N Madlala, MG Shange, S Mbele
Member Elected Trustees: DA Rogers, K Aswanth-Kumar, J Beugger, KA Goodsell, E Seedat, C Nagooroo